ZWAKALISA UVO LWAKHO

UHLAKA LWEZEZIMALI OLUBUKEZIWE KANYE NEZIPHAKAMISO ZEZIMALI EZINGENAYO 2019

(ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO YESABIWOMALI SETHEMU YAPHAKATHI NONYAKA [MTBPS]).

ISIMEMO SEZETHULO NOKUPHAWULA KOMPHAKATHI

IKomidi elingaGuquki lezeziMali kanye neKomidi eliKhethelekile lezeziMali amema ababambe iqhaza nabanentshisekelo ukuba bathumele izethulo ezibhalwe phansi mayelana noHlaka lwezeziMali olubukeziwe kanye neziPhakamiso zezeziMali eziNgenayo (MTBPS) oluzokwethulwa mhla zingama-30 kuMfumfu wezi-2019.

UNgqongqoshe wezeziMali (uNgqongqoshe nqo) uzokwethula isiTatimende seNgqubomgomo yeSabiwomali seThemu yaPhakathi noNyaka ePhalamende mhla zingama-30 kuMfumfu wezi-2019. Ekwethuleni lesi siTatimende uNgqongqoshe uzobe efeza umsebenzi wakhe ngokwesigaba sama-28 soMthetho wokuPhathwa kweziMali zikaHulumeni woku-1 wonyaka we-1999 (i-PFMA) ophoqelela uNgqongqoshe ukuba ethule isilinganiso sesabelomali seminyaka eminingi semali engenayo, izindleko, izilinganiso ezibalulekile zomnotho njalo ngonyaka. Phezu kwalokho, uNgqongqoshe uzofeza umsebenzi wakhe ngaphansi kwesigaba sesi-6(1) soMthetho wokuChibiyela uMthethosivivinywa weziNqubo nezindaba ezihambisana neziMali wesi-9 wezi-2009 othi uNgqongqoshe kumele ethule i-MTBPS ePhalamende.

Izigcawu zomphakathi zizobanjelwa ePhalamende ngoLwesithathu, mhla ziyi-6 kuLwezi wezi- 2019.

Izethulo nokuveza isifiso sakho sokwenza isethulo ngomlomo kumele kube sekufikile lingakadluli ihora le-12:00 ngoLwesibili, mhla ziyi-5 kuLwezi wezi-2019.

Izethulo zingaqondiswa koNobhala beKomidi, u-Mnz Allen Wicomb kanye noMnz Arico Kotze (beKomidi eliNgaguquki lezeziMali) kanye noMnz Nkululeko Mangweni (weKomidi eliKhethekile lezeziMali), 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town 8000 noma awicomb@parliament.gov.za / akotze@parliament.gov.za / nmangweni@parliament.gov.za ocingweni. 021 403 3759 / 021 403 3662 / 021 403 3782 noma ngefekisi: 021 403 3942.

Amakhophi e-MTBPS yonyaka wezi-2019 azotholakala mhla zingama-30 kuMfumfu wezi-2019 ku www.treasury.gov.za .

Sikhishwe uMhlonishwa J Maswanganyi, iLungu lePhalamede, uSihlalo: IKomidi elingaGuquki lezeziMali (isiShayamthetho sikaZwelonke) kanye noMhlonishwa YI Carrim, iLungu lePhalamende, uSihlalo: iKomidi eliKhethelekile lezeziMali (uMkhandlu kaZwelonke weziFundazwe).

Parliament. Making Democracy Work.

www.ayandambanga.co.za ISOLEZWE ISIZULU 137728 www.thecandocompany.co.za